KWAZULU-NATAL PROVINCE
HEALTH
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# UNTUNJAMBILI HOSPITAL

*OCTOBER 2024*

## *IQHAWELETHU NEWS*

## *ISIBAYA SAMADODA EMTHOLAMPILO WASEMPHISE*



**Liqale lilinye itende kepha okuphethe kubonakala ukuthi indawo isiphelile kodwa amadoda nezinsizwa bebesehla ngezinkalo beza entweni yabo. Lugqame bha uthando lwaMaZulu uma ebambisene**

**Ubani obengaziba izinsizwa sezifikile? Iivele lapho ke itende esibili, “HLANGANA ZULU”!!!**



**Akekho nobonakala engaphandle kungekho isidingo indlela abawuhloniphe ngayo lomcimbi iyamangalisa**

KWAZULU-NATAL PROVINCE
HEALTH
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# UNTUNJAMBILI HOSPITAL

OCTOBER 2024

# IQHAWELETHU NEWS

## ISIBAYA SAMADODA EMTHOLAMPILO WASEMPHISE



ISibaya Samadoda senze amadoda akhumbula ubukhulu nokubaluleka kokuba khona kwendoda ekhaya nasemphakathini. Lomcimbi ubumhla zilishumi enyangeni kaMfumfu kuwo lonyaka (10 October 2024), ubanjelwe eNkantolo yeNkosi eMphise.

Ajabule ahaya amahubo neziqubulo amadoda kufika uMntwana uNhlanganiso Zulu oliNxusa lamadoda eMnyangweni weZempilo ophethwe nguNqonqoshe uNomagugu Simelane. Ufike ukuzogubha kanye nawo emcimbini obonakale uba ngomkhulu kakhulu kuneminye eyake yaba khona endaweni yaseMphise.

Injabulo ibisezingeni eliphezulu kuMphathi weSifunda soMnyango weZempilo UNKSZ. L. Maphalala, noMphathi weSibhedlela uNtunjambili NKSZ. C.N. Ndadane kanye noNKSZ. N. Titus onguMphathi woMtholampilo uMphise, okuyiwo obuhlele lendumezulu yomcimbi bezwa izindaba zokuphumelela kwawo nokutheleka komphakathi obuphume ngobuningi bawo kwazise ababanga inxenye yomcimbi ngenxa yokuba bengabesifazane behlonipha amadoda.

INkosi yendawo uNdosi wemukele uMntwana UNhlanganiso kwacaca ukuthi uyiNkosi ezaziyo izindaba zakwaZulu akafuniseli.

Kulomcimbi bekukhona iziNduna zendawo, Ikhansela lakaWadi 3 Mnu. N. Bhengu, Umelaphi wendabuko uMnu. Ngobese no Mfundisi Mhlongo, iKomiti elibambisene noMtholampilo, uDokotela uGasa nabaHlengi basesibhedlela uNtunjambili naboMtholampilo uMphise. Induna yezinsizwa Mnu. P.K. Ngubane, amadoda endawo nezinsizwa.

Iminyango kahulumeni ebambe iqhaza elikhulu: AmaPhoyisa aseKranskop, oSonhlalakhle bakwaMaphumulo kany ne NGO uThathenda. Bekukuhle kudelile kusha indaba, kuphenduleka nemibuzo, babuye babonwa ke ngokwezigulo zabo zobudoda.

Udokotela V.K. Mthunzi waseLembeni ubelokhu elubambile nje uhlelo, sisukuma ngazinye izikhulumi zifundisa ziyala. Abasebenza ngamadoda kwisifunda seLembe emnyangweni weZempilo UDokotela TFM Mkhize no Mnu. S. Mathonsi bebengayikholwa nhlobo into abayibonile amadoda elokhu ethelekile kwaze kwagcwala amatende amabili phama. Kube sekudliwa nokudla kweSintu, kwahutshwa namahubo.

# ISIBAYA SAMADODA EMTHOLAMPILO WASEMPHISE



Ezokuphepha beziqinile njengoba kubonakala SGT M. Mkhize eluleka ngokuziphatha kwensizwa nendoda ihlonipha ingenzi amacala azokuphethisa uboshiwe. Waqhuba wafundisa **ngodlame lwasemakhaya** ebatshela ukuthi kwamukelekile ukuba nendoda ize izobika uma ibhekene nalenkinga.



SGT Mkhize uqhubeke wafundisa **nangodlame lobulili obuhlukile** ,ethi amadoda awazihloniphe angashayi abesifazane kepha uma kuyiwona ashaywayo mawaphumele obala ukuze umthetho udlale indawo yawo kowesifazane oshaya indoda ngoba ukubekezela kufundisa izingane ukuthi udlame lwamukelekile futhi ingafa nokufa.





KwaZulu-Natal Department of Health | kznhealth | KZN Department of Health | @kznhealth

GROWING KWAZULU-NATAL TOGETHER

# ISIBAYA SAMADODA EMTHOLAMPILO WASEMPHISE



Ubonakala ekujabulela uDkt. TFM Mkhize (okwa HAST eLembeni) ovela ebanikeza isibangamsindo bebuza imibuzo futhi iphendulwa yibona odokotela.

UDkt. N. Gasa kucaca bha ukuthi ubizelwe futhi unogqozu lokusebenza ngomtholampilo wamadoda kanye nokuhlanganyela abelane ulwazi kwiSibaya Samadoda.

Sekuyinsakavukela ukubona uDkt. uGasa emtasatasa echitha isikhathi sakhe ngalapho kuhlangene khona amadoda. Akuvamisile ukuthi ubone umuntu omusha njengaye ezibandakanya ezindaweni ezinobaba asebeqinile namakhehla ebhunga nabo izindaba zobudoda ebadodisa.





KwaZulu-Natal Department of Health | kznhealth | KZN Department of Health | @kznhealth

GROWING KWAZULU-NATAL TOGETHER

# IQHAWELETHU NEWS

## ISIBAYA SAMADODA EMTHOLAMPILO WASEMPHISE



Mr M.G. Ndlovu (HAST Coordinator) wayematasa esiza kwezemisindo.

Kubonakale ngokuphuma kweziNduna zesigodi saseMphise eziyisikhombisa

1. Mnu. Gcwabaza
2. Mnu. Mthembu ( wokuqala)
3. Mnu. Mthembu (wesibili)
4. Mnu. Mthembu (wesithathu)
5. Mnu. Khuzwayo
6. Mnu. Thusini
7. Mnu. Mgobhozi




Kuyajabulisa kakhulu ukubona abaholi bebambisene ukwenza into yabo ibe isezingeni eliphezulu.







Akusoze kwasala ukuthi la kuhlangenwe khona kukhona umnyango wezempilo nokusetshenzwa kwabantu kuyoba khona. Amatende angasenhla ilapho abahlengi nodokotela babebonela khona abagulayo nababebika ngezingxaki zabo zobudoda.

Izithebe zaphume kwajabula wonke umuntu sekuphungwa indlala.

Abaphathi babonga wonke umuntu owenze lomcimbi waba impumelelo, iNkosi uCele, uMntwana uNhlanganiso Zulu, uKhansela Bhengu, ithimba ebelihlela, abasebenzi beminyango ngokuhlukana kwayo, kanye noMnyango weZempilo eSifundazweni sakwaZulu-Natali.

## Enquiries

**All enquiries and concerns regarding Untunjambili Hospital are to be directed to the Public Relations Officer SGW Bonongwe or Chief Executive Officer C.N. Ndadane.**



AUTHOR: SGW BONONGWE
PUBLIC RELATIONS OFFICER



EDITOR: C.N. NDADANE
CHIEF EXECUTIVE OFFICER

Untunjambili Hospital is a mother hospital to 3 clinics, and are as follow: Untunjambili Gateway, Amandlalathi and Mphise Clinic.

Untunjambili Gateway AMN-Mrs. N.P. Ngubane

Amandlalathi OMN– Ms N.D. Libela

Mphise Clinic OMN– Ms N. Titus

**For any enquiries regarding these Clinics, you can contact Hospital PRO or Mrs. N.P. Ngubane (PHC Supervisor) Tel: 033 444 1707 ext. 8238**

<u>UNTUNJAMBILI HOSPITAL CONTACT DETAILS</u>

Untunjambili Hospital, P./Bag X.216, Kranskop, 3268

CEO: Email. nontobeko.ndadane@kznhealth.gov.za/ nontobekondadane1@gmail.com

PRO: Email. Smangele.mthembu@kznhealth.gov.za

Web: www.untunjambilihospital.gov.za

Tel: 033 444 1707/ 1808/0126/0129